health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

UNTUNJAMBILI HOSPITAL

# IQHAWE LESIZWE NEWS

STAY INFORMED

25 APRIL 2016

# OPEN DAY EVENT

Isibhedlela Untunjambili sihlanganyele eMcimbini Ovulelekile/Open Day Event obubanjelwe ezinkundleni zokudlala ezingaphakathi kwesibhedlela. Inhloso yalomcimbi bekunguku-donsa amehlo omphakathi nezigodi ezakhele kulendawo.

Umcimbi waqale ngehora leshumi nomuvo/11H00 waphela ngehora lesibili ntambama/14H30 wakus-emnandi kusho kwizathameli kubonakala izinga ababephume ngayo elalimangalisa kugcwela pha-ma abanye besafika noma usuphela.

Mphakathi waseNtunjambili niyathandwa esibhedlela senu. Lokhu ngikusho ngebhoko eliba khonakubasebenzi uma kufanele nimemenywe nizoba nabo. Ningayeki ukuza uma kunemicimbi eyenzelwe nina engeyalolu hlobo, nabaholi bendawo nabo ngokunjalo siyabathanda



**Umphakathi uthakasela ukusukuma komunye wezimenywa sizohaya inkondlo eveza bonke ububi obenzeka umva kokuba usudle izidakamizwa. Eyala nangophuzo oludakayo efakaza ngokwamholela ukuba agcinwe endaweni yokulungiswa kwezimilo eseKranskop. Ukuba bekuya ngaye ngabe akaqalanga ngoba uthi abanye bayizinkubela, abaye bagula ngenqondo kanti abanye badlulile emhlabeni, abanye badonsa kanzima emajele**



Umnu. SG Vikilahle ophethe Isifundazwe seZempilo esiseLembeni/ Ilembe Health District okwesokunxele emukela isitifiketi sivela eJele lase New Harnover esimukela kuMnu PHS Mtolo ongu Assistant Director in Special Programs.

Lesi sitifiketi sibhekiswe kubasebenzi besibhedlela Untunjambili ngomsebenzi abawenza ukuhlenga imiphefumulo yabasebenzi balo leli Jele mhla bebandakanyeke engozini yeBus eyayiseSambaba ngomhlaka 14 Feruary 2015. Isibhedlela semukela oJele abangu 14 ababelimele kanzima kepha isibhedlela sabahlenga ngokukhulu ukuzimisela.

Ukubongwa ngomsebenzi owenzayo kusho lukhulu kubasebenzi, kunyusa nezinga lokuzimisela. Ngithemba ukuthi lesisicoco siyohlale singesabo akekho oyobaphuca sona ngoba badume ngokuwenza kahle umsebenzi wabo.

Lokhu kufakazelwa ubudlelwano esinabo isibhedlela nomphakathi. UCEO/Dr. N. L. Phakathi neziMenenja zesibhedlela benza konke ukugcina lobo budlelwane busezingeni. Umphakathi uhlale unxuswa ukuba usisebenzise lesisibhedlela lapho ungaqondi ubuze.

# Anginikhumbuze ngezithombe okwakwenzeka









ESIKHULU: ABATHATHU EKUQALENI AMALUNGA EBHODI LESIBHEDLELA UMNU TT JALI, IN MTHEMBU NO M.C. SIBIYA, BESE KULANDELA ABAPHATHI BESIBHELA KUSUKA PHAKATHI KUZE KUFIKE KWESOKUDLA: ANM IMF BUTHELEZI, MNU S.X. MBATHA, NKSZ L. NTULI KANYE NO MNU SG VIKILAHLE.

IZIKHULUMI ZESIBHEDLELA

KWESOKUDLA NGENHLA: DR A . SUBRATI, NOMRS . L.A. MKHIZE

NGEZANSI: ANM IMF BUTHELEZI, PHC SUPERVISOR N. NGUBANE, M&E Z.C. MZOBE KANYE NOSR. Y.C.MNYANDU

## IZIHAMBELI ZETHU ZAWENZA WAMUHLE/WAYIMPUMELELO UMCIMBI WETHU










KUSUKA KWESOKUNXELE: TP MSOMI (IKHWEZI FM RADIO PRESENTER/ MC FOR THE DAY) IN MTHEMBU ( HOSPITAL BOARD MEMBER), SC MABASO ( MUSICIAN) PP LANGA ( KEYBOARD PLAYER), MR NENE (KRANSKOP DCS), TP DUBE KRANSKOP DCS SCO), N. SIBIYA HEAD OF UNTUNJAMBILI OSS) KANYE NOMPHAKATHI OLINGANISELWA KUMAKHULU AMAHLANU.



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# SASINGEKE SIBE IZIKHULUMI SONKE KODWA LIKHULU IQHAZA ENALIBAMBA NGOKUBA YINXENYE

1. ABASEBENZI BESIBHEDLELA ABABENIKEZELA NGOSIZO LWEZEMPILO NEZIMFUNDISO EMATENDENI ANGAPHANDLE, NABABEYISIKHULUMI, KANYE NABABEBHEKE UKUTHI KUQHUBEKA KAHLE KONKE
2. AMA CCGs AYELUNGISE KONKE OKWAKU-ZOPHEKWA, BAMA ETENDENI UKUBHEKA UKUTHI WONKE UMUNTU USESIMENI ESIKAHLE ,BEYALELA NEZIVAKASHI LAPHO UMCIMBI UKHONA, BELAWULA NOKUPAKA KWEZIMOTO.
3. KRANSKOP CORRECTIONAL SERVICES
4. NEW HARNOVER CORRECTIONAL SERVICES
5. KRANSKOP SAPS
6. IZIKOLE ESAKHELENE NAZO: VUSISIZWE P. SCHOOL, UNTUNJAMBILI P. SCHOOL, KRANSKOP SEC. SCHOOL KANYE NENGCOLOSI SEC. SCHOOL
7. ABAPHEKI: MR W. XULU, MBALI NTULI, LONDI MHLONGO, NOMABUSI MYEZA, KUWE L. O. NGUBANE SIBONGA NOWASIPHA KONA UKUXHASA.
8. ABASEBENZI BENGEMANE
9. INDUNA YASENTUNJAMBILI K. JALI
10. BUSISIWE CELE (PRO) WASENDWEDWE
11. ABASEBENZI BEMBABAZANE

    ABAQAPHI BENKAMPANI YE LIHAKOE
12. INURSING MANAGEMENT
13. IQEMBU ELASIPHA UMCULO
14. SIYABONGA MS. NBE MSOMI (OCC. HEALTH & SAFETY) UKUSIBHEKELA UKUPHEPHA KWETHU NGETENDE ESASIKULO.
15. MRS ZAMA MAKHAYE USIBONGELE NAKUBABA WEKHAYA UMR MAKHAYE E MAINTANANCE NGOKUNGAKHO KONKE ENASIXHASA NGAKHO, NANGOMSEBENZI WOKU SIHLOBISELA NISEBENZISA NEZINTO ZENU LA KUSHODA KHONA.
16. IEC REP. MR S. MSIMANG
17. MFUNDISI P.L. MNUKWA
18. IKOMITI LEMICIMBI

---

## IZIKHULU ZAMI EZALEKELELA NGEZINAKHO

1. **Ubunye Funeral Services**
2. **Gama Funeral Services**
3. **Ithuba Agriculture-Kranskop**
4. **Old Mutual-Greytown**
5. **Gcaba Brothers**

UMphathi wesibhedlela uDr. N.L. Phakathi neziMenenja babonga bonke abantu abayeka izinto zabo beza esibhedlela ngalolusuku, Kanye nabo bonke ababenza imisebenzi ngokuzinikela kungekho nkokhelo.

Umyalezo: Nicelwa ukuba konke enakuzwa niqiseke ukuthi niyakwenza ukuze niyohlala niphilile. Uma kunokuthile ngakuqondi ngempilo yakho usheshe uyobonwa emtholampilo kungakonakali

Umyalezo ovela kuPublic Relations Officer/uMxhumanisi

## Indlela yokukhalaza

- Wonke umuntu wamukelekile ukukhala
- Uma uneminyaka engaphansi kweyi 16 ungaba ungaphelezelwa ilunga lomndeni.
- Ungabika udaba ngokuzifikela ehhovisi likamxhumanisi, ngocingo, ungagcwalisa ifomu elitholakala emabhokisini abekwe yonke indawo yokusebenzela.
- Uma usukhalazile uyolindela ucingo oluvela kumxhumanisi
- Siyoxolisa, ulashwe uma kunesidingo, sikuyalele ukuba ulidlulise udaba lapho unganelisekile. Alukho udaba olucindezelwayo njengoba izikhalazo zibhekwa ikomiti lezikhalazo.
- Izinombolo zikasomlomo ziyavela eku-gcineni kwalelibhuku.

# ACKNOWLEDGEMENTS



Newsletter Designer, Photographer & Publisher :

Untunjambili Hospital PRO



Newsletter Editor:

Untunjambili Hospital CEO

Dr. N.L. Phakathi

# CONTACT DETAILS

health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE


**Dr. N.L. Phakathi**

**Chief Executive Officer**

**Untunjambili Hospital**

033 444 1259 345 6789

033 444 0987

082 978 1044

lungile.phakathi@kznhealth.gov.za


health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE


**Smangele Mthembu**
Public Relations Officer
**Untunjambili Hospital**
033 444 1707
033 444 0987
076 290 7200
Smangele.mthembu@kznhealth.gov.za
www.kznhealth.gov.za